



September 2013, Vol. 16, No.3

Ukuvikelwa Komlilo



Ibhawu u: Thutani Masondo (*Umeluleki Wezomoba-SASRI*)
no Tony Roberts (*i-Ofisa Yokuvikelwa Komlilo*)

Uukuvikelwa kwemililo ezindaweni zezolimo kusemqa-ka ngoba uvimbela ukuhlukumezeka kwesimo sempilo yomphakathi, ukuvikela izitshalo kanye nezimboni zezolimo.

Isikhathi esiningi izinhlangano zezemililo ezindaweni zabalimi ziye zenze imithetho nenqubomgommo yokupathwa nokuvikelwa kwemililo.

Wonke umphakathi nabankazi bemihlabab KwaZulu-Natal nakwezinye izifunda kumele babuswe noma balandele umthetho kahulumeni wenqubomgommo ophathelene nokupathwa kanye nokucinywa kwemililo. Lemithetho itholakala emthethweni obizwa ngo-kuthi | National Veld and Forest Fire Act 101 of 1998.

Lomthetho uxuba izinto eziningi ezimayelana nomthetho maqondana nokupathwa kwemililo ngenhloso yokululeka abankazi bemihlabab kanye nabantu abahlangana nokusetshenziswa komlilo ukuze babenesithombe sokuthi umlilo usetshenziswa kanjani.

Noma ngabe ubani osebenzisa umlilo uma kunento angayiqondi mayelana nomlilo uyacelwa ukuthi afune ulwazi kwabanye abantu abangawkazi ukuthi bamsize.

Umphakathi ungawkazi ukuthi unciphise ubungozi bemihlabab kanye ukuhlukumezeka kwesimo sempilo nemigomo elawula imililo:

1. Inhloso yokuqala

Hlela ukugwema umlilo nokuvikelwa, vikela yonke into esimeni sokuthi ilinyazwe umlilo. Bonke abantu banelungelo lokuvikeleka emlilweni. Abankazi bemihlabab bona kumele babe nesiqiniseko sokuthi

bonke abantu abahlala emapulazini, izisebenzi kanye nabavakashile kumele bavikeleke.

Uma uthatha isinyathelo sokuvikela umlilo, abankazi bemihlabab bayalulekwa ukuthi benze lokhu:

- Qikelela ukuphepha, indawo ephephile kanye nenqubomgommo yokupathwa komlilo kanye nokuvikeleka kwendawo okuphephile ngasosonke isikhathi.
- Hlala wazi ukuthi angeke kube lula ukuvikela yonke into emlilweni, ngakho ke kumele uhlale unazo izinto zokuvikela noma ukucima umlilo.
- Xhumana, bese usebenzisana nomakhelwane bakho ukuze kube lula ukuthi nisebenzisane ukuvikela umlilo.

Abankazi bemihlabab bayalulekwa ukuthi ababe nohlelo lokulwa nomlilo oluzokwenza ukuthi umlilo ungalimazi amasimu noma uma umlilo ungenile kubelula ukuwucima.

2. Inhloso yesibili

Iba nezinhlelo zokuvikela umlilo ongahlelelwane kanye nomlilo osuke ushiswe ngenhloso

- Wonke umuntu uphoqelekile ukuthi anciphise ubungozi bokususa umlilo ongahlelelwane ngokusebenzisa imishini, izimoto noma imiphi imishini noma ukusebenzisa umlilo
- Abankazi bemihlabab bayalulekwa ukuthi baqaphe ubungozi bomlilo ngaphambi kokuthi bavune izitshalo zabo. Basebenzise ama grinder noma bashisele, ukusika utshani ezitubheni, ukushayela izimoto noma ukugibela izithuthuthu otshanini obomile. Zamani ukugwema lezizinto ezibaliwe ngesikhathi la kulula khona ukusuka kwemililo yequbula


OKUQUKETHWE



Imbewu yomoba: Uku-baluleka kokusebenzisa imbewu ehloliwe kanye nokufaka ama oda ku-sanesikhathi.



Imiphumela yocwaningo lomhlabathi: Ingabe uyayiqonda yini imiphumela yocwaningo lomhlabathi oyithola kwaSASRI?



Amasu asemqoku: Imisebenzi okumele yenziwe ngokulandela izeluleko zakwa SASRI.

- Abanikazi bemihlabab banomgommo wokuqikelela ukuthi izintambo zikagesi (ucingo lokubiya lukagesi, izintambo zikagesi ezhamba phezulu kwamadlelo emfuyo) angeke zisuse imililo

3. Inhloso yesithathu

Nciphisa ukuqala kwemililo engahleliwe

- Ngezikathi zobungozi bemihlabab banomthwalo wokucima umlilo osuke usha emhlaben yabo nanokubika umlilo ababona ukuthi uzobehlula ukuwucima
- Noma ngabe ubani obona umlilo usha ngesikhathi semililo yequbula kumele abike lowo mlilo emnyangweni obhekene nemililo kuleyo ndawo ngokushesha
- Abanikazi bemihlabab kumele benze izivimbela mlilo (fire breaks) njengoba kusho umthetho wezokulawulwa kwemililo
- Noma ngabe ubani osebenzisa imishini ezindaweni ezesemakhaya kumele abe sesimeni sokuba nento yokulwa nomlilo uma kungenzeka uqubuke

4. Inhloso yesine

Kumele kube lula ukufinyelela ezintweni zokucima umlilo kanye nasemanzini okucima umlilo

- Abanikazi bemihlabab baphoqelekile ukuthi benze kube lula ukungena ezindaweni zabo uma kunenkinga yomlilo nalapho kutholakala khona amanzi



5. Inhloso yesihlanu:

- Iba yinxene yomphakathi owakheleni nawo ukuze ninciphise izinkinga zomlilo
- Abanikazi bemihlabu bayacelwa ukuthi bajoyine izinhlangano zokuvikela nezilwa nemililo ezindaweni zabo

Lezizinto ezilandelayo zisemqoka ekulweni nomlilo:

- Bakkie Sakkies (Ama bakkie sakkies la abeleshwa yizimoto epulazini)
- Knapsack Sprayers (Izifutho zoku-futha umlilo)
- Beaters (Izinduku zokucima umlilio)
- Rakehoses (Amageja angamahhala)
- Drip Torches (Ama drip torches)
- Tractor or bakkie drawn trailer tank (Ithangi lokucima umlilo elidonswa ugandaganda noma imoto)



Izicimamlilo

OKUMELE NIQUIKELELE BALIMI:

- Iba nesiqiniseko sokuthi unawo umshwälense womlilo
- Qinisekisa ukuthi unazo zonke izinto zokulwa nomlilo epulazini lakho
- Yazi izinamba zama Fire Cells esigcemeni sakho nanokuthi obani osebenzisana nabo endaweni yakho
- Kumele wenze ama fire breaks (njengoba kusho umthetho wezokulawula kwemililo).

Uma umlilo usuke epulazini lakho wayoshisa ipulazi likamakhelwane wakho ongenawo umshwälense womlilo kanye nezinto zokulwa nomlilo futhi ungeyona ingxene yekomidi lezmililo wonke umonakalo owenzakalayo uyophoqeleka ukuthi uwukhokhele.

Mayelana nolwazi olunzulu ngezemililo ungathintana no:

Tony Roberts - Fire Protection Officer
Zululand Fire Protection Association
Ph: +27(0)35 580 4713/4220
Cel: +27(0)82821 7779
Fax: +27(0)86 624 4021
zfpa@kwn.co.za

UHLELO LOKU ODA IMBEWU YOMOBA

Ibhalwe ngu: Thulani Masondo (*Umeluleki Wezomoba-SASRI*)
no Aaron Mathews (*uMphathi Wekomidi Lezifo Nezinambuzane Zomoba e-Felixton*)

Uhlelo loku odwa kwembewu yomoba kumele kube yinto eyimpoqo kubalimi ukuze kwenzelwe ukuthi imbewu etshalwa abalimi kube ngeqinisekiswe yiThimba Lezifo neZinambuzane Zomoba (Pest Disease & Variety Control Committee).

Kweminye imishini loluhlelo loku odwa kwembewu luyimpoqo lokhu kwenzelwa ukuthi kunciphiswe izinga lezifo nezinambuzane zomoba nanokuthi abalimi bathengiselwe umoba oyiwonawona uma kukhulunya ngohlobo.

UKUKHIQIZWA KWEMBEWU EHLOLIWE

Imbewu ehloliwe ikhiqizwa ngabalimi ababhaliselwe ukuba ngabakhqizi bembewu ehloliwe kanye nabanye abakhqizi abazimele (Private Co-Operators). Lababakhqizi kumele bavunye yi Seecdane Committee yakuleyo ndawo ngokuhambisana nemigomo yakwa South African Sugar Association.

UKWAKHEKA KWEKOMIDI NOMA UKUPHATHWA KWEKOMIDI LEZEMBEWU

Imvamisa lelikomidi lakhwa ngabakhqizi bezimbewu, Usihlalo Wekomidi Lezifo Nezinambuzane Zomoba (*Local P&D Committee Chairperson*), Abeluleki Bezolimo besikhungo Sezocwaningo Lomoba (SASRI) kanye namalunga Ekomidi Lezifo Nezinambuzane Zomoba. Umuntu obhekana nokuphathwa kwalelikomidi kuba nguMphathi Wekomidi Lezifo Nezinambuzane Zomoba elekelelana nonoBhala wakhe noma wehhovisi labalimi.

INDLELA YOKUSEBENZA

Into eye yenze kube naletikomidi kuye kube wukuthi izinga lembewu elikhona endaweni alisekho ezingeni elihle nelamukelekile embonini yomoba. Lelikomidi liye libe nomthetho sisikelo kanye nenqubo mgomo waleyonaleyo ndawo noma umshini.

Kweminye imishini kuba yimpoqo ukuthi umlimi abe yingxene yequbo mgomo yekomidi lembewu, aphinde apophwe ukuthi abe nendawo akhiqiza kuyo imbewu elinganiselwa endaweni ewu 5% yobungako bendawo atshale kuyo umoba epulazini lakhe.

Imbewu ehloliwe ikhiqizwa ngabalimi ababhalisele ukukhiqiza lembewu okumele imbewu bayipheke (Hot Water Treated). Imbewu ehloliwe kumele ilandele lemigomo:

- Kumele ingabi nesifo umbasha (Ratoon Stunting Disease) kanye no umabalabalane (Mosaic)
- Isifo sesiwumba (Smut) singeqi ku 0.1%
- Ingabi nomoba omdala okade ubulewe (off-types)
- Imbewu akumele itholakale ine eldana engaphezulu kaka 5e/100stalks

Kuthatha iminyaka emibili ukuthi umlimi atshale insimu yakhe ngalembewi. Isinyathelo sokuqala umlimi uvakashelwa uMphathi Wekomidi Lezifo Nezinambuzane Zomoba ehambisana noMeluleki Wezolimo kuzothathwa I oda kuMlimi ukuze liyiswe ku Mlimi obhalisele ukukhiqiza imbewu ehloliwe. Inhloso yokuvakashela umlimi epulazini lakhe wukuthi alulekwe ngohlobo lwembewu okumele atshale oluzohambisana nesimo sepulazi

Okubhekwa kakhulu:

- indawo lapho umlimi elimi khona,
- uhlobo lomhlabathi,
- imvula etholakalayo nginyaka,
- nanokuthi indawo lapho kuzotshala khona imi kanjani ibheke nakuphi kanye nokuqhela komshini noma isigayo somoba.

Ama oda athathwa ngaphambi kokuthi kuqale ukutshala, ukuze kunikezwe ithuba laba abazotshala imbewu lokuzilngiselela noma ukwenza uhlelo lokutshala. Kuthatha unyaka ngaphambi kokuthi umlimi azolanda i-oda lakhe, ngemuva konyaka umlimi ube eseyotshala lembewu yakhe epulazini lakhe. Bese kuthi ngemuva konyaka ayandise epulazini lakhe esebezisa itshalo asuke elithenge kubatshali bembewu (commercial fields). Kumele umlimi athinte abazomuhlolela itshalo ukuze bamunike isiqiniseko sokuthi angalisebezisa njengembewu.

NGABE LOLUHLELO LOKUKHIQIZWA KWEMBEWU LUYAMZUZISA YINI UMLIMI?

YEBO LUYAMZUZISA

KANJANI NA? ...NGOKUTHI:

Loluhlelo lwenza kukhiqizwe imbewu ehloliwe nenhle etholwa yiwo wonke umlimi minyaka yonke. Umlii usikala ngalokhu:

- Isifo se RSD kanye nezinye izifo azifikwa emasimini atshawayo
- Kukhiqizwa uhlobo oluyilo lwembewu
- Imbewu itholakala ngesikhathi edingeka ngaso
- Ithuba lokusabalaliseka kwezifo lincane kakhulu
- Isivuno esitholakalayo ngehekitha sibasihle
- Kuthatha isikhathi eside ukuthi insimu ibuye itshalwe kabusha

NGALENDLELA UMLIMI UBA NOKUTHULA NGOBA USUKE AZI UKUTHI UTHENGE IMBEWU EPHILAYO NENGEKE IMNIKE IZINKINGA ZOKUMILA.

Okumele ukuqaphele uma ufunda imiphumela yocwaningo lomhlabathi

1. Amawashi amathathu anemibala eyahlukene.

Imiphumela yocwaningo iqhamuka inamawashi anemibala emithathu eyahlukene. Kukhona obomvu, ophuzi kanye noluhlaza okusatshani. Incazelngalembala ihamba kanje:

- Obomvu:** uma uluthi lukhombe kuwona kusuke kukhomba ukuthi izinga laloyo msoco liphansi;
- Ophuzi** uma uluthi lukhombe kuwona lokho kusuke kukhomba ukuthi lowomsoco wanele;
- Oluluhlaza** satshani wona uma uluthi lukhombe kuwona lokho kusuke kukhomba ukuthi lolohlobo lomsoco luphezulu.


Ukuba mathathu kwalamawashi kusho ukuhambisana kwawo nemisonco emithathu nekuyiyona ejwayeleke ukutholakala komanyolo okungu N, P kanye no-K. Lamawashi akhiwe noma ame ngendlela ethi mayifane nalelo elitholakala emotweni elikhombisa ubungako besivinini imoto esuke ihamba ngaso. Lokho kwezelwe ukuthi kube lula ukuwfunda.

2. Izilinganiso ezikaliwe ngokocwaningo ezikhomba ukuthi umsoco kanye nokunye kumele kube ngakanani emhlabathini.

Isikhungo sezocwaningo lwezomoba uSASRI senze uwanningo olunzulu ukuthi kumele izinga noma ubungako bomsoco kanye nokunye kumele kube ngakanani ukwenelisa isitshalo.

3. Izincomo zikakalika kanye nohlobo lukamanyolo

Kuyenze ka imiphumela yocwaningo iveze isidindo sokuba umlimi afake ukalika. Lokhu kuvame kakhulu lapho kutholakala ukuthi umhlabathi unobumuncu. Nakuba umlimi eyithole lemiphumela kubalulekile ukuthi athintante nomeluleki wakhe ukuze bayibukisane imiphumela.



Ibhalwe ngu: Joe Nkala (Umeluleki Wezomoba-SASRI)

ISEXWAYISO KUBALIMI NOMPHAKATHI WONKE MAYELANA NEZINGANE EZILINYAZWA OGANDAGANDA

(Ibhalwe ngu: Thulani Masondo – ngokucelwa yinhlangano yabalimi ngokukhathazeka ngokulimala kwezingane)

Balimi kanye nabo bonke abazali emphakathini niyacelwa ukuthi nikhuze izingane zingadonsi umoba emalolini nakogandaganda abasuke benilethele imbewu ngoba sekunezigameko eziningi lapho izingane zingxotshwa ogandaganda namaloli zifa, kanti akulula nokuthi abashayeli babone ukuthi sekulimale ingane.



Uma kwenzeke lesigameko akumele umphakathi ulwise abashayeli noma uthi abashayeli abangcwabe izingane ngoba abakwenzi ngamabomu nanokuthi yizo izingane ezisuke zidonsa umoba kogandaganda kanye nasemalolini asuke ethwele umoba.



Amasu Asemqoka



Abeluleki: SASRI

Qikelela ukuthi lemisebenzi elandelayo uyenza ngesikhathi okuyiso nangendlela okuyiyo esimobeni sakho ukuze uzuze ekugcineni.

Ngo-Mandulo (September)

- Lesi isikhathi esifanele noma okuyiso sokufaka Izibulala-khula ezinqanda ukhula isikhathi eside. Lezibulala-khula zigcina isimoba sakho singenakhula okungaze kufike la isimoba sakho simboza noma sihlanganisa khona ngaleyondela kuncipha izindleko zokuhlakula. Khumbula ukusebenzia izingubo ezikuvikelayo uma usebenzia Izibulala-khula futhi ulahle izitsha zezibulala-khula esezebenzile ngokuphephile.
- Qala ukufaka isikhuthaza emobeni wakho ohlahlw ebusika.
- Khumbula ukuthi sibulala ukhula kuqala ngaphambi kokuba sifake isikhuthaza ngoba uma sifaka umanyolo kuqala, ukhula luzodla umsoco wesithshalo sethu bese lukhuthazeka lubhebhethetheke ludlondlobale. Faka isikhuthaza ezinsukwini ezimbalwa uhlahlile uma sezikhona izimvula, asikho isidingo sokulinda uze uhlume umoba.
- Faka isikhuthaza ngokulandela izincomo zika-manyolo zakwa-SASRI (FAS) ukuqinisekisa ukuthi isitshalo sakho sithola esikudingayo.
- Qala ukutshala kwakho kwase-Ntwasahlolo uma izimvula seziqalile.
- Loku kuqinisekisa ukuthi isitshalo sakho sikuthola konke ukufudumala nezimvula zasehlobo ngaleyondela siyosimama kahle futhi sibe nomkhiqizo omuhle. Sebenzisa imbewu ehloliwe futhi qinisekisa ukuthi umoba omdala ufuthiwe ngophoyizeni wafa ukuze kungabi nama-volontiya.



Ngo-Mfumfu (October)

- Hlola amasimu abefakwe Izibulala-khula ngenyanga edlule ukubona ukuthi ukhula lufe kahle yini. Uma kunezindawana la lungafanga khona, futha ukhethe lezozindawana kuphela ungaziyeki ngoba uthi zincane.
- Bheka amasimu anokhula oluyinkinga bese uqala ukulwa nalo.
- Ezindaweni ezimaphakathi nezwe (Midlands) – qala ukufaka umanyolo emasimini akho.



Ngo-Lwezi (November)

- Sika/hlanza imingcele yamasimu namabhande omlilo.
- Ezindaweni ezinokuhlaselwa kakhulu isifo umabalabala (mosaic), ungatshali phakathi kuka Lwezi no Nhlolanja ngenhoso yokugwema lesisifo.
- Ezindaweni ezimaphakathi nezwe (Midlands) – qapha noma lawula ukhula lwasebusika emobeni wesizini edlule.



Ngo-Zibandlela (December)

- Qhubeka nokubulala ukhula emasimini akho, ikakhulukazi lolo oluyinkinga, wenze isiqiniseko sokuthi makube sekupothuliwe ukhakula ngaphambi kokufika kwmaholide amakhulu noma kokuvala kwabasebenzi bakho.
- Ngalesikhathi, kumele ngabe ukutshala kwakho sekuya ngasekupheleni ikakhulukazi ezindaweni ezingenankasa. Gwema ukuthshala ngo Masingana, Nhlolanja nango Ndasa.



Umxhumanisi omusha e SASRI

U SASRI useqashe uNqobile Nxumalo njengomxhumanisi (Agricultural Liaison Officer) wesikhungo socwaningo nabalimi. Lentokazi engeyokuzalwa eNewcastle, iphotule izifundo zezoLimo eCedara College of Agriculture ngonyaka ka-2010. Uthe uma esephothulile izifundo zakhe waqala ukusebenza kulenhlanguano njengomfundu osaqeqeshwa ngaphansi komkhakha wabeluleki (extension) ngo 2011, okwathi emva kweminyaka embili nezinyanga eziyisithupha wabe eseqashwa njengomsebenzi ophelele walenhlanguano. Kuleminyaka ebeseiyisebenzile ufunde okuningi ngoba usebenzele kakhulu eholosi lokukhiqiza amaMap (GIS office).



UNqobile osanda kuqashwa kulesikhundla, ungene ezicathulweni zika Mnu. Sifiso Hlela osanda kushintsha umkhakha ngoba esesebenza njengomeluleki wabalimi (Extension Technician) abaphakela umshini wasoPhongolo. Umsebenzi ozokwenziwa uNqobile noma indima azoyidlala kulenhlanguano ukuxhumanisa abalimi abalima-ngokuncane nabacwaningi noma nososayensi base SASRI. Omunye wemisebenze okubhekeke ayenze ukukhuthaza ezolimo etsheni lapho ezobe egugquzelu ukufundwa kwezolimo ezikoleni kanjalo nasezhungweni zemfundo ephakeme.

Abalimi abathanda noma abanesifiso sokuvakashela kwa SASRI ngenhoso yokuzofunda ngokwenzakalayo kulesikhungo, bangaxhumana nabeluleki bakwa SASRI ezindaweni zabo noma baxhumane ngqo naye u Nqobile kule mininingwane yakhe yokuxhumana - (031) 508 7511 noma Nqobile.Nxumalo@sugar.org.za.

Umeluleki wabalimi oPhongolo

U SASRI usuqashe u Mnu. Sifiso Hlela njen-gomeluleki wabalimi (Extension Technician) abaphakela umshini wasoPhongolo. Umsebenzi oqavile ka Sifiso noma indima enku kuksiza abalimi abalima-ngokuncane ngezinguquko nangocwaningo olwenziwa isikhungo uSASRI.



U Sifiso waqala ukusebenza kulenhlanguano kashukela e Sugar Terminals (emtateni) ngo 1998 okwathi emva kwesikhathi wabe esesebenza emkhakheni wokucwaninga ngokhula (Weeds Specialist Technician) e SASRI isikhathi eside eshantshashintsha imimnyango nemikhakha njengoba eseke waba emkhakheni oqondene nocwaningo lwezokuvuthiswa komoba owaphinde futhi wasebenza ophikweni lethimba lezemisebenzi njengomlawuli noma umholi walelithimba. Kanti ujoyina ithimba labeluleki esekade engumxhumanisi wabalimi nesikhungo sezocwaningo (Agricultural Liaison Officer)

Siyakuthokozela kakhulu ukuba nomuntu onomlando omude futhi ojulile eMbonini kaShukela okuzonezela ethimbeni lokudluliselwa kolwazi lwasikhungo uSASRI kubalimi. Sikuphokophelele kakhulu ukwakheka kobudlelwano obuqinile phakathi kwabali nabeluleki nabacwaningi / nososayensi base SASRI.

Abalimi abangathanda noma abanesifiso sokuxhumana naye ngenhoso yokuthukisa ulwazi kwezokutshalwa nokunakekelwa komoba bangamthinta ku 0826138819 noma 0344138174 naku Sifiso.hlela@sugar.org.za kanti utholakale ku 49 New Republick, Rietass Gebou oPongolo.

ABADIDIYELI

Bongi Bhengu, Nqobile Nxumalo, Sifiso Hlela, Joe Nkala & Sagie Doorsamy (Umhleli Ikhishwa kathathu ngonyaka; January, May nangoSeptember

Imibono nemibozo: Nqobile Nxumalo: 031 508 7511

Email nqobile.nxumalo@sugar.org.za